RI 2

Isihloko sesifundo: Ukuhlangana noJesu kungaletha ushintsho lwenhliziyo

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya

Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **Ukuhlangana noJesu kungaletha ushintsho lwenhliziyo**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo: • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). **Qaphela:** 2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile. 2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho! *Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.* 2.3: Lesisifundo silungele ibanga le -**RI 2**. 2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho we -**RI 2** uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.

Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. ***Isibonelo***: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela.
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo se -**RI 2** nomunye umndeni osifundayo nawo.

2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.

3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.

4. Khuluma noMxhumanisi webandla lakho noma uThisha.

Isifundo

Isihloko	Ukuhlangana noJesu kungaletha ushintsho lwenhliziyo.
Umbhalo weBhayibheli	NgokukaLuka 19: 1-10
Inhloso yesifundo	Izingane zithola ukuqonda ngomphumela olethwa ngukuhlangana noJesu.

Isifundo esifingqiwe:

● Ngesikhathi sikaJesu, abaqoqi bentela babeqoqa intela nemisebenzi kubo bonke abantu abafuna ukuthengisa izimpahla ngaphakathi kwedolobha laseJerusalema noma eJeriko.

● Babevame ukukhokhisa abantu ngokweqile futhi babephila ngemali ethe xaxa ababeyiqoqile. Lokhu kwabacebisa kakhulu.

● Abaqoqi bentela babengathembekile futhi benobugovu futhi babengathandwa ngamaJuda. AmaJuda ayebabheka njengezoni.

● UZakewu, umthelisi omkhulu eJeriko, wezwa ukuthi uJesu wayedabula phakathi komuzi futhi wafuna kakhulu ukumbona.

● UJesu wayesesixukwini esikhulu njengoba abaningi babefuna ukumbona.

● UZakewu wayeyindoda emfushane kakhulu futhi wayengaboni ngaphezu kwabantu abade ababephambi kwakhe.

● Wagijimela phambili wagibela esihlahleni somthombe, ukuze abone kahle uJesu lapho edlula.

● Funda NgokukaLuka 19: 1-10 okwenzekile ngenkathi uJesu efika. Lokhu okulandelayo kwenzeka:

- Ukuhlangana noJesu kwaba nomthelela omkhulu futhi omuhle kakhulu kuZakewu.
- UZakewu wabona ukuthi wayenze okungalungile kubantu.
- UZakewu wasukuma wathi kuJesu, “Lalela ngizonika abampofu uhhafu wezimpahla zami, futhi uma kukhona umuntu engimkhohlisile ngokumphanga ngizomkhokhela imali ephindwe kane.”

● UJesu wathi kuye: “Namuhla insindiso ifikile kule ndlu. Indoda le nayo ingumJuda. Ngifikele ukufuna nokusindisa okulahlekile.”

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

● Nathi, sihlangabezana (sinemihlangano) neNkosi uJesu.

● NgokukaMathewu 18 ivesi 20 lithi: “Ngokuba lapho kubuthene ababili noma abathathu egameni lami, ngikhona lapho phakathi kwabo.”

● Sihlangana neNkosi uJesu ngezwi nangesakramente emisebenzini yethu yobungcwele nangesikhathi sokunakekelwa ngokuvakashela kwethu amalunga.

● Ngesikhathi sezinkonzo eziNgcwele kanye nokunakekelwa ngokuvakashela amalunga, lokhu kusenza nathi sizazi kangcono, kusenza sibone ukuthi yini esingayenzanga kahle njengoZakewu, futhi sinesifiso sokushintsha ukuze sijabulise iNkosi.

● Kufanele siyolungisa lokho esikwenzile okungalungile futhi sikulungele ukucela intethelelo.

Ngokuhlangana kwethu neNkosi sithola insindiso:

● Izono zethu ziyathethelelwa,

● Sithola amandla okunqoba ngeSidlo esiNgcwele seNkosi futhi

● Ngesikhathi sokunakekelwa ngokuvakashela amalunga sithola ukukhuthazwa ukuba sifulathele okubi senze okuhle.

Ingabe yiziphi izinguquko ekuziphatheni kwakho okudalwe ukubhekana noJesu empilweni yakho na?

Ukuzama njalo ukugwema isono, ukusebenzisa uthando lobuKristu futhi uphile ngokuvumelana nentando kaNkulunkulu.

Vivinya ingane yakho.

Impendulo yesiVivinyo 2: NgokukaLuka 19: 9

“Namuhla insindiso ifikile kulendlu...”

Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Ingabe kungani amaJuda ayedelela abathelisi na?

Impendulo: Abaqoqi bentela babengathembekile futhi benobugovu. Babekhokhisa abantu intela nezimfanelo ngokungaphezulu. Babebabheka njengezoni.

2. Ingabe kwakungubani igama lomthelisi omkhulu eJerikho na?

Impendulo: UZakewu

3. Ingabe kwakuyini igama lesihlahla uZakewu agibela kuso ukubona uJesu na?

Impendulo: Isihlahla somthombe (umkhiwane)

4. Ingabe kungani abantu babethukuthele lapho uJesu engena ekhaya likaZakewu na?

Impendulo: Abantu babengaqondi ukuthi kungani uJesu aye endlini yesoni.

5. Ingabe wenzani uZakewu emva kokuhlangana kwakhe noJesu ekhaya lakhe na?

Impendulo: Washintsha umqondo wathi uzonikeza uhhafu wezinto zakhe kwabampofu kanti kulabo abakhohlisile ngokubaphanga uzobabuyisela ngokuphindwe amahlandla amane.

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen